

ISouth Africa Coronavirus CivicActs Campaign ithatha amahemuhemu nemibono phakathi kwemiphakathi ukuze kususwe izikhala zemininingwane phakathi kukahulumeni, abezindaba, ama-NGO, amabhizinisi kanye nomphakathi. Ngokuhlinzeka umphakathi ngamaqiniso, lezi zibalo zamakhompiyutha ze-coronavirus zihlose ukudala ukuqonda okungcono kwezidingo eziphathelene ne-coronavirus nokuhlehlisa amahemuhemu ngaphambi kokulimaza okwengeziwe.

## ***Okwamuva Maqondana NeLockdown***


1. Imvalelwakhaya seyilinciphisile izinga lokusabalala kwegciwane, umugqa wegrafu usuyaqonda kancane kanti abantu baseNingizimu Afrika nabo sebesitholile isikhathi.
2. Bangu-28 000 abasebenzi bezokunakekelwa kwezempiro abangena imizi ngemizi emiphakathini esengcupheni, baxilonge futhi bahlole abantu ukubheka ukuthi bakhona yini asebenegciwane.
3. Ukumisa imvalelwakhaya ngendlela engahleiwe kahle kungandisa ukusabalala kwegciwane. Kuzodingeka ukuba kube nendlela ehlekile yokudambisa izinga lemvalwakhaya, kubhekwa izimo zezomnotho nezokubaluleka kwezenhlalo.
4. Uhulumeni ucabanga ngokuba kube nemvalelwakhaya engaphelelisiwe nengaphoqiwe kubantu abanemyaka engaphezu kwengu-60 nakulabo abasengcupheni kuze kube nguMandulo. (uSepthemba).
5. Umnyango wezempiro ulungiselela ukwenyuka kwezinga lwezigameko zeCovid-19 ngokuhlela izibhedlela ezizobhekana nenqwaba yezigameko eziphuthumayo eGoli, eKapa naseThekwini, kanye namawodi ezimo ezibucayi (ama-ICU) ezibhedlela ezinkulu ezifundazweni kanye nokuthenga okokugqoka kokuzivikela okwengeziwe neminye imishini yokuphefumula.

# Imibuzo → Amaqiniso



Ngabe  
zonke iziguli ze-  
COVID-19  
zizodinga imishini  
yokuphefumula?

Cha. Iziguli eziningi  
ze-COVID-19 ngeke zidinge ukulashelwa  
esibhedlela. Kulinganiselwa ekutheni  
zingama-15% iziguli ze-COVID-19 ezizoba  
sesimweni esibucayi sesifo esidinga  
uhlobo oluthile lokwelashwa ngokunika  
umoya we-oksijini kanti ezingama-5%  
zizogula kakhulu, zidinge imishini  
yokuphefumula.



Ngabe iNingizimu  
Afrika  
inemishini  
engaphansi  
kwengu-1000?

Cha. Akukacaci ukuthi mingaki imishini  
yokuphefumula iNingizimu Afrika  
enayo. Kulinganiselwa  
ekutheni ingacishe ibe ingu-6000  
ezibhedlela zikahulumeni nezizimele.  
Yomibili  
imikhakha kahulumeni nezimele  
isebenzela ukuhlangabezana nezidingo  
ezilindelekile.